# Imithetho Nemibandela

## 1. I-akhawunti Yakho

1.1. I-Lendcor inemfuneko yenkambiso yokuhlaziya izingozi efuna imininingwane kofaka isicelo. Uma unolwazi ngaphandle kwalolu olufunwa yi-Lendcor uyavuma ukuthi unesibopho sokunikeza lolo lwazi ukuze isicelo sisingathwe ngendlela engachemi nefanele.

1.2. Uma lesi sicelo samukelwa futhi sigunyazwa kuzovulwa i-akhawunti egameni lakho kwa-Lendcor. Le akhawunti ayinakusetshenziswa yinoma imuphi omunye umuntu ngaphandle komuntu imininingwane yakhe evela kulesi sicelo futhi ovulelwe i-akhawunti.

1.3. Le akhawunti izoba nomkhawulo wesikweletu futhi isikhathi ngasinye uma ufuna kusebenzisa isikweletu esikhona uyavuma ukuthi i-Lendcor izoba negunya lokuhlaziya yonke ingozi kubandakanye nokuhlola nezinhlangano zezikweletu ngaphambi kokukunika esinye isikweletu.

1.4. Uma kwenzeka imininingwane ekulesi sicelo ishintsha unesibopho sokuthinta i-Lendcor kule nombolo 0860004040 futhi ubanikeze ulwazi lwakamuva.

## 2. Ukusebenzisa I-akhawunti Yakho

2.1. I-Lendcor izokhokhela imali-mboleko kuphela uma i-Lendcor isinamadokhumenti afunekayo.

2.2. Amadokhumenti afunekayo agunyaza ukukhokhelwa kwenye inkampani futhi uma ukhetha ukuba i-Lendcor ikukhokhise ngenye inkampani kusemahlombe akho ukuqinisekisa ukuthi zonke izinsiza / izimpahla zitholiwe NGAPHAMBI kokuba ugunyaze inkokhelo enjalo.

2.3. I-Lendcor ayinawo umthwalo noma ulwazi ngelungiselelo olenze nanoma iyiphi enye inkampani ekhokhelwe imali egunyaziwe ngakho uyavuma ukuthi i-Lendcor ayinakuthweswa icala noma inikeze iwaranti ngezimpahla / izinsiza ezinikeziwe.

2.4. Umkhawulo wakho wesikweletu ungahlukahluka ngokwesinqumo se-Lendcor futhi uncike ekutheni ukhokha kanjani.

2.5. I-Lendcor iyaligodla ilungelo lokuhoxisa isikweletu uma wephula imigomo ye-akhawunti yakho.

## 3. Izitatimene Zanyanga Zonke Nezinkokhelo

3.1. Uzothunyelelwa isitatimende se-akhawunti inyanga ngayinye nge-imeyili noma ngeposi elivamile.

3.2. Isitatimende sizobonisa imali oyikweletayo kanye nesitolimende esifunekayo; isitolimende kufanele sikhokhelwe i-Lendcor ngosuku esifunekayo ngalo noma ngaphambi kwalokho.

3.3. Kusalindeleke ukuba ukhokhe isitolimende sakho e-Lendcor futhi uqhubeke ukweleta i-Lendcor ngisho noma ungasitholanga isitatimende nganoma isiphi isizathu. Unesibopho sokuthinta i-Lendcor kule nombolo 0860004040 uma unanoma imiphi imibuzo.

3.4. Uma ukhetha ukukhokha nge-debit order ku-akhawunti yakho yasebhange uma usayina futhi wamukela le mali-mboleko uyavuma ukuthi unikeze i-Lendcor imiyalelo eqondile yokusebenzisa i-debit order phakathi nesikhathi semali-mboleko.

3.5. Uyavuma ukuthi utsheliwe ukuthi i-Lendcor ithumela ulwazi inyanga ngayinye ezinhlanganweni zezikweletu nakurejista yezimali-mboleko eNingizimu Afrika. Lolu lwazi luzobandakanya nerekhodi lakho lokukhokhela i-Lendcor nyanga zonke.

## 4. Inzalo Nezinye Izinhlawulo

4.1. Inzalo izofakwa ku-akhawunti yakho ngezinga elithile futhi izohlala ingashintshi phakathi naso sonke isikhathi semali-mboleko.

4.2. Inhlawulo yokusungula isivumelwano izofakwa futhi le nhlawulo ingahlukahluka ngokuvumelana nenani lemali-mboleko nemigomo yemali-mboleko.

4.3. Inhlawulo yokunakekela i-akhawunti engu-R50 kanye ne-vat nyanga zonke izofakwa futhi izohlanganiswa esitolimendeni sakho sanyanga zonke.

4.4. Izinkokhelo zizofakwa kuqala ekukhokheni inzalo bese ngemva kwalokho kuba yizo zonke izinhlawulo kanye nenkokhiso yenzalo bese kuba yisikweletu esikhulu.

## 5. Ukwephula Isivumelwano

5.1. Uma uhluleka ukufeza izibopho zakho ngokwemigomo yale mali-mboleko i-Lendcor iyaligodla ilungelo lokunqamula isivumelwano sakho sesikweletu.

5.2. Ngemva kwesaziso esifanele esiyincwadi ethunyelwe ekhelini osinike lona esicelweni sakho uma kwenzeka ukuthi awulisebenzisi kakade njengendlela yokukhokha.
Inani le-debit order ngeke libe ngaphezu kwenani lesitolimende okuvunyelwene ngaso. I-debit order izonqanyulwa uma nje inani eliphelele lesikweletu kanye nazo zonke izinhlawulo ezihlobene nokuqongelelwa kwesikweletu sezikhokhiwe.

5.3. Uma ngenxa yokungakhokhi kwakho futhi i-akhawunti yakho idluliselwa kummeli noma enkampanini eqongelela izikweletu uyavuma ukuba:
5.3.1. Ngaphansi kwegunya leNkantolo Yemantshi kungakhathaliseki inani
5.3.2. Ukhokhe zonke izindleko zomthetho nezokuqongelelwa kwesikweletu
5.3.3. Ngemva kwalokho zonke izinkokhelo ziyofakwa ezindlekweni, enzalweni, ezinhlawulweni zezimali bese kuba sesikweletini esikhulu.

## 6. Ikheli

6.1. Ikheli lasekhaya osinike lona kulesi sicelo noma esazisweni sakamuva sekheli lakho elisha osinike lona liyobhekwa njengekheli lakho lokwamukela izincwadi neposi.

6.2. Uma kwenzeka ushintsha noma imiphi imininingwane yakho esikhathini esizayo etholakala kulesi sicelo unesibopho sokwazisa i-Lendcor kule nombolo 0860004040.

## 7. Okuvamile

7.1. Lapha ugunyaza i-Lendcor ukuba ithole, yabelane futhi yenane ngolwazi lwezikweletu oluphathelene nawe nazo zonke izinhlangano zezikweletu nanoma imuphi omunye umuntu, inkampani osebenzelana nayo ngokwezimali.

7.2. I-LENDCOR izoba nelungelo lokudlulisela noma imaphi amalungelo ayo nezibopho ezilapha kunoma ubani.

7.3. Akukho kuhlukahluka lapha okuyoba namandla noma okuyosebenza ngaphandle uma kuyincwadi ebhalwe futhi yasayinwa yi-Lendcor. Uma kunombandela ongqubuzana, noma ongahambisani nanoma yimuphi umthetho, ukungqubuzana noma ukungahambisani okunjalo ngeke kuthinte ukusebenza kweminye imibandela esele.

7.4. Noma imuphi umbandela ongasebenzi noma ongasebenziseki ngeke usebenze ngokwezinga lokungasebenzi noma lokungasebenziseki okunjalo, ngaphandle kokuchitha noma ukwenza ingasebenzi imibandela esele yalesi sivumelwano.

7.5. Akukho kubonelelwa ongakunikwa yi-Lendcor okuyoba ukuchithwa kwanoma yimaphi amalungelo abo kanjalo okuyovimba ukusebenzisa kwabo amalungelo abo okungenzeka ayekhona esikhathini esidlule noma angaba khona esikhathini esizayo. I-Lendcor ngeke iboshwe yitemu, umbiko, iwaranti, isithembiso noma okuthile okushiwo ngokuqondile okungabhalwanga lapha.

THE
MERCHANT IS
LENDCOR'S PARTNER

LENDCOR

**Udinga imali yo u thenga impahla yokwakha?**

SMS : Your ID Number*Your Surname* Your Initials *Your Gross Salary

TO : 42997 or Vodacom users to 30633 (FREE SMS)

EXAMPLE: 650515102086*smith*sj*5000